Isifundo 5

**Okthoba 24–30*

UJesu NjengoThisha Omkhulu

NgeSabatha Ntambama

Funda Kuleliviki:
Heb. 1:1–4; 2 Kor. 4:1–6; Johane 1:14, 18; 14:1–14; Fil. 2:1–11; 2 Kor. 5:16–21.

Indimana Yekhanda:
"Ngokuba uNkulunkulu owathi makuvele ukukhanya ebumnyameni, kukhanye, nguyena owakhanyisa ezinhliziyweni zethu ukuba kukhanye ukwazi inkazimulo kaNkulunkulu ebusweni bukaKristu" (2 Corinthians 4:6, NKJV).

U-Billy Graham uxoxa indaba yangamhla evakashele amasosha esibhedlela sasempini ephelezelwa ngumphathi wawo. Elinye isosha eliselisha "lalilimele kangangokuba lalilele libheke ngobuso phansi phezu kwento eyakhiwe ngensimbi nangoseyili." Udokotela wahlebela u-Graham, "Angikholwa ukuthi uyophinde akwazi ukuhamba futhi." Lelisosha lenza isicelo kumphathi: "Mnumzane, . . . ngikulwele, kepha angikaze ngikubone. Ngingabubona ubuso bakho na?" Ngalokho umphathi washona phansi, wangena ngaphansi kwalokho okwakhiwe ngensimbi noseyili, wakhuluma nesosha. Ngenkathi u-Graham ebukele, unyembezi lwawa esosheni lwawela esihlathini somphathi.

Ngenkathi uJesu ezalwa, isintu sasilele silimele futhi sopha, sidinga umbono kaNkulunkulu ophulukisayo. Kwakungathi isintu sasithi, "Oh, Nkulunkulu, singabubona ubuso bakho na?" Ekuthumeleni iNdodana yakhe kulomhlaba, uBaba wathumela uThisha Omkhulu ukuzosebenza: ukubonisa isintu ubuso Bakhe. Kusukela lapho, sibe nethuba elimangalisayo lokubona "ulwazi lwenkazimulo kaNkulunkulu ebusweni bukaJesu Kristu" (2 Kor. 4:6, NKJV). Lapho sibukela uThisha Omkhulu ehamba hamba emhlabeni, yini esingayifunda kuYena na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, October 31.*

Ukwembula UBaba

Yimaphi amaphuzu asemqoka kakhulu umpostoli awenzayo ngoJesu ekuqaleni kwencwadi yakhe kwabeseHeberu na? (Heb. 1:1–4).

Abalobi beTestamente Elisha ngokuphindiwe bagcizelela umqondo obalulekile: uJesu uza emhlabeni ukuzobonisa isintu ukuthi uBaba ungubani. Ezikhathini ezidlulile, isambulo SikaNkulunkulu seza ngendlela eyizingcezu ngabaprofethi; kuJesu, nokho, isambulo sokugcina nesiphelele sikaNkulunkulu sifikile. Futhi, ngoKwakhe, uJesu "ungumfanekiso wenkazimulo kaNkulunkulu" (Heb. 1:3, NRSV). Njengesintu esinesono, sasingakwazi ukufinyelela ngokuphelele kwinkazimulo kaNkulunkulu. njengeNdodana eyenziwa yaba ngumuntu, uJesu uveza leyonkazimulo. Ifiphaziwe ekubeni ngumuntu kukaKristu ukuze sikwazi ukuyibona futhi siqonde ngokusobala Isimilo sikaNkulunkulu. UJesu futhi "ungumfanekiso ngqo wesimo sakhe" (Heb. 1:3). Lelitemu elistshenziswe lapha, igama lesiGriki Isimilo, ngezinye izikhathi lisetshenziswa kwisicila esenziwa wuphawu kwisibumbatha noma umfanekiso ogxivizwa emalini. Ngalokho uJesu "uyiwona mfanekiso wesimo sikaNkulunkulu" (Heb. 1:3, NRSV). Uma sifisa ukwazi uBaba, kumele silalelisise lokho uThisha Omkhulu akusho Ngaye. Futhi kumele sibuke uThisha Omkhulu. UBaba ubonakala eNdodaneni.

Qhathanisa amaHeberu 1:1-4 no 2 Korinte 4:1-6. Ku 2 Korinte 4:1-6, ngubani uJesu, futhi yini esiyifunda kuYena na?

Lapho befundisa abanye ngoNkulunkulu, uPawule nozakwabo bafuna ukuveza imfundiso kaJesu ngoBaba. "Njengomfanekiso kaNkulunkulu (2 Kor. 4:4), uJesu waletha ulwazi ngoNkulunkulu uBaba. Ngokufanayo, uPawule ugwema inkohliso kanye nokuphekezelwa KweZwi likaNkulunkulu futhi, kunalokho, abeke iqiniso ngokusobala (2 Kor. 4:2). NjengoNkulunkulu, ekudaleni, asebenzisa ukukhanya ukuxosha ubumnyama, Yena usinikeze thina iNdodana Yakhe, uJesu, ukuxosha imibono engamanga mayelana Naye futhi nokusibonisa iqiniso ngoNkulunkulu. "Kusebusweni bukaJesu" lapho sizuza khona ulwazi olusobala kakhulu ngoNkulunkulu (2 Kor. 4:6).

UJesu wamveza uBaba ngendlela enganaphutha, lokho nathi esibizelwa ukuba sikwenze njengoba simenyelwe ukuba "ngabalingisi bakaNkulunkulu njengabantwana abathandekileyo" (Efes. 5:1, NKJV). Kuchaza ukuthini lokho, futhi yini esingayifunda kuJesu mayelana nokuba "ngabalingisi" bakaNkulunkulu na?

Ukwembula UBaba (Cont.)

Kwisandulela esihlaba umxhwele kwiVangeli lakhe (Johane 1:1-18), uJohane ukhuluma ngoJesu njenge "Zwi" laphakade. Imibango kaJohane ngoJesu ayihlonizi futhi ayinamkhawulo; ineqholo futhi ibanzi izwe lonke. UJesu wayekhona ngaphambi kokuba umhlaba ubekhona—kusukela ephakadeni, empeleni. Eqinisweni, uJesu kuNgaye ukudala (Johane 1:2, 3). "Ungukukhanya kwabo bonke abantu" (Johane 1:4, NRSV), futhi, njengoLizwi oweza emhlabeni, "ukhanyisela bonke" (Johane 1:9, NRSV).

NgokukaJohane, uyini umphumela wokuba ngumuntu kukaKristu na? NjengoLizwi, yikuphi ukukhanya akuletha na? Yikuphi ukufaneleka anakho ukuba enze lokho na? Johane 1:14, 18.

"Ukukhanya kwaqhamuka ngenkathi ubumnyama bomhlaba bujule kunakho konke. . . . "Lalilinye ithemba lesintu . . . lokuthi ukwazi ngoNkulunkulu kubuyiselwe emhlabeni. "UKristu weza ukuzoletha lololwazi. Weza ukuzochitha imfundisoze okungayo laba ababethi bayamazi uNkulunkulu babengammelanga ngokufanele. Weza ukuzofeza isimo somthetho Wakhe, Ukwembula ngesimilo Sakhe ubuhle bobungcwele."—Ellen G. White, *Education*, pp. 74-76. Konke uJesu akwenza empilweni Yakhe emhlabeni kwakunenhloso eyodwa: "isambulo sikaNkulunkulu ukuze kuphakame isintu."—*Education*, p. 82.

UJesu ngoKwakhe uthi, " 'Noma ngubani obone mina ubone uBaba' " (Johane 14:9, NRSV). Kwakwenzenjani uJesu esho lamazwi na? Kungani awasho na? Johane 14:1–14.

Kulula ukusola inkulumo kaFiliphu ebhimbayo (Johane 14:8). Emuva kweminyaka yobudlelwane obusondelene noJesu, usageja iphuzu elisemqoka lukuguquka kukaJesu abengumuntu—ukuthi uJesu uzele ukuzoveza Isimilo sikaBaba. Mhlawumbe othisha namuhla bangathola induduzo eqinisweni lokuthi omunye wabafundi bakaThisha Omkhulu akenzanga kahle! Inkulumo kaFiliphu mhlawumbe ilotshelwe, nokho, hhayi ukunikeza isizathu sokumsola kepha ukunikeza thina ithuba lokuzihlola. Lide kangakanani ibanga osulihambe noJesu na? Futhi ngabe simqondile uJesu kangcono kunoFiliphu na? " 'Noma ngubani obone mina ubone uBaba.' "

Ukufunda Umqondo KaThisha OMkhulu

Yimuphi umnako ngomphakathi wamaKristu eFiliphi okwinhliziyo kaPawule lapha ebabhalela incwadi na? Fil. 2:1–4; Fil. 4:2, 3.

AbaseFiliphi 2:1-11 ngesinye sezahluko ezinkulu kulo lonke iBhayibheli. Sikhuluma ngokubakhona ngaphambilini kukaKristu, ngobunkulunkulu Bakhe, ukuba ngumuntu Kwakhe, kanye nokwamukela Kwakhe ukufa esiphambanweni. Sichaza ngendlela ende nelukhuni neyehlayo uJesu ayithatha lapho esuka ezulwini eya eKhalivari (Fil. 2:5-8). Futhi ichaza indlela uBaba aphakamisele ngayo uJesu esikhundleni sokudunyiswa yizwe lonke (Fil. 2:9-11). Liningi iqiniso elimangalisayo eliqukethwe kulezozindimana.

UPawule uwandulela kanjani uFiliphi 2:5-11 na? Kwiziameko empilweni kaJesu azigubhayo, Yiziphi ocabanga ukuthi ulindele amakholwa azibonakalise ezimpilweni zawo na? Fil. 2:6–11.

UPawule unethemba lokuthi amakholwa aseFiliphi, ayekwazi ukuqophisana ngamazwi, azofunda kuJesu kanye nokuba ngumuntu Kwakhe. Uma uJesu akwazi ukuthathela kuYena isimo somuntu—"isimo sesigqila, ezalwe engumuntu" (Fil. 2:7, NRSV)—futhi aze azinikele ekubethelweni, kangakanani kubona ukuba bazinikele komunye nomunye ngothando na? Siyakhunjuzwa ukuthi kuningi okumele sikufunde KuThisha oMkhulu, uJesu. Sifunda kumazwi abelana ngawo esebenza lapha emhlabeni. Sifunda kwizimangaliso azenzayo kanye nendlela enza ngayo kwabanye. Singafuna ukulingisa ubudlelawane bethu nabanye ngokuzehlisa Kwakhe okukhulu kanye nokugxila ekuvumeni Kwakhe ukushintshanisa izinkazimulo zasezulwini ngomkhombe (yisifundo esikhulu kithi!). Ngokumelene, izwe livama ukusimemela ukuba siziphakamise, sizidle ngempumelelo yethu. Kumkhombe e-Bethlehem kanye nakuThisha oMkhulu sifunda isifundo esihlukileyo—sokuthi umsebenzi omkhulu kaNkulunkulu wokufundisa kanye nokusindisa ufezwa hhayi ngokuzikhumemeza thina kepha ngokuzithoba phambi kukaNkulunkulu nokuba yizinceku kwabanye.

Yisiphi isimo obhekene naso, kumanje, lapho ukuzithoba kwakho kunganikeza ithuba elinamandla lokuveza uKrsitu kwabanye na?

UThisha Omkhulu NoKubuyisana

Ubudlelwane babantu buvamile ukwephuka. Siyaqhelelana. Umuntu owayekade engumngani osondele, ngokuhamba kwesikhathi, uba ngothile ongamethembi. Nakuba kunjalo, ubudlelwane obunjalo busengalungiseka. Lapho lokho kwenzeka, siba namava amangalisayo okubuyisana. Ambalwa amava esintu amtoti njengalokhu.

Ukubuyisana kungumongo kanganani ekutheni uKristu aguqeke abe ngumuntu kanye nakwindima Yakhe NjengoThisha oMkhulu na? 2 Kor. 5:16–21.

Uma sizizwa sibusisekile lapho ubudlelwane nomunye umuntu buvuselelekile, kumnandi kangakanani okumele sikuzwe lapho sibuyisana noNkulunkulu na? Ku 2 Korinte 5:16-21, uPawule usobala ngokuthi ngubani owenza lokhu kubuyisana—uNkulunkulu uBaba uthathe iqhaza eliphambili ekulungiseni ubudlelwane bethu obephukile kanye Naye. Futhi lokhu kubuyisana ukwenze "ngoKristu (2 Kor. 5:18, NRSV). "uNkulunkulu ekuKristu wenza ukuba izwe libuyisane naye" (2 Kor. 5:19, NKJV). Futhi, nokho, akudingekile ukuba sibe ngabazitika ngenjabulo yokubuyisana. Kumele sifunde KuThisha oMkhulu. Ekuguqukeni Kwakhe eba ngumuntu, uJesu wathatha iqhaza emsebenzi wokubuyisana. Nathi ngokunjalo, simenyelwa ukuba neqhaza kuko. UNkulunkulu ubuyisene nathi ngoKristu. Manje thina, noPawule, sinikezwa "inkonzo yokubuyisana" (2 Kor. 5:18). AbaseKholose 1:15-20 ngesinye sezahluko ezinkulu zeTestamente Elisha mayelana noKristu ethatha isimo somuntu. Sivame ukuthathwa njengeculo, ingxenye yokuqala yesahluko ikhuluma indima kaKristu ekudaleni (Kol. 1;15-17), ngenkathi ingxenye yokugcina igxila kwindima kaKristu yokusindisa (Kol. 1:18-20). Ngendima kaKristu njengoMdali-Msindisi, uNkulunkulu ubuyisana nazo zonke izinto Kuyena. Umsebenzi wokubuyisana uNkulunkulu awufeza ngoKristu wengamela konke emhlabeni nasezulwini, kuthinta "zonke izinto, nakuba zisemhlabeni noma ezulwini, ngokudala uxolo ngegazi lesiphambano sakhe" (Kol. 1:20, NRSV). Nakuba singeke salingana ngobubanzi bomsebenzi KaThisha oMkhulu njengomxolelanisi, simenyelwa ukuba sibe neqhaza "kwinkozo yokubuyisana" endaweni esikuyo (2Kor. 5:18). Kungabe lokhu yikona okwakusemqondweni kaJesu ngenkathi ekhuleka, " 'Njengalokho wangithumela ezweni, nami ngibathumela ezweni' " (Johane 17:18, NKJV) na?

Yiziphi izindlela eziphathekayo esingabonisa ngazo indima kaNkulunkulu njengomxolelanisi na? Okungukuthi, kukwesiphi isimo njengamanje (uma sikhona) ongasiza kuso abantu ukuba babuyisane omunye nomunye na?

Abafundi Bokuqala BakaThisha OMkhulu

Komunye umzuzu, bangabelusi nje abanakekela umhlambi wezimvu ngaphandle kwedolobha elincane. Kolandelayo umzuzu, bangabazuza ukubonakaliswa okumangalisayo kwezingelosi eziphethe izindaba ezimangalisayo neziguqula umhlaba. Beqhubukushwa yilokho kubonakala, bathungatha ingane ememezelwe yizingelosi.

Cabanga umi nabelusi futhi ugqolozele umkhombe. Yini obungayibona na? Luka 2:8–20.

Kumele sincome abafundi bokuqala bakaThisha oMkhulu—uJosefa noMariya kanye nabelusi. Izimo eziphansi zokuzalwa kukaJesu azinikezi inkomba yesimangaliso sikaNkulunkulu eba ngumuntu—ngokuthi, kulengane, uNkulunkulu usebemunye nesintu. Nokho, ngosizo lwemibono, Amaphupho kanye nezingelosi, labo bafundi bokuqala Bakhe bayakwazi ukubuka ngale kokubonakala kokuzalwa kukaJesu. Abelusi babelana nabanye ngokuthi lengane ingubani, ukuthi " 'inguMsindisi, onguMesiya, iNkosi' " (Luka 2:11, NRSV; qhathanisa no Luka 2:17).

Izazi ziphendula kanjani ezindabeni zokuzalwa kukaJesu na? UHerodi yena uphendula kanjani na? Mat. 2:1–12.

Ngaphambi kokuba ekhulume umfanekiso Wakhe wokuqala noma enze isimangaliso Sakhe sokuqala, uThisha oMkhulu ufanelwe ukudumisa kwethu ngenxa yokuthi ungubani. Ukuze sithakasele ngokugcwele umsebenzi wakamuva kaJesu, kumele sibeyingxenye yalabo bafundi bokuqala, Izazi, ekudumiseni kwabo uThisha oMkhulu. Lowo omfundiso zakhe sizazisa ungaphezulu komfundisi ohlakaniphileyo. UNkulunkulu eze ukuzohlala nesintu. Imfundo yobuKristu igxile ekudumiseni uKristu. Kanye neZazi, abelusi, nezingelosi, sibizelwe Ukukhonza uKristu, iNkosi ezelwe kabusha—nokubona kwingane enguJesu uNkulunkulu uqobo.

Cabanga ngokuthi kusho ukuthini ukuthatha isimo somuntu kukaJesu mayelana nesimilo sikaNkulunkulu. UMdali wakho konke ezweni, elibanzi kangangokuba asikwazi ukulicabanga—loNkulunkulu "wazehlisa" ngokuza esintwini, waphila njengoJesu, futhi wafa esiphambanweni, ethwala Kuye isijeziso sezono zethu. Kungani lokhu kuyizindaba ezilungileyo na?

Further Study:

Cabanga Kabanzi: Funda u-Ellen G. White, "The Teacher Sent From God," pp. 73–83, in *Education*. "KuThisha othunyelwe ephuma kuNkulunkulu, yonke imfundo yeqiniso ithola umongo. Ngalomsebenzi namuhla njengokumsebenzi awusungula eminyakeni engu-1800 edlule, uMsindisi ukhuluma lamazwi— " 'NgingowoKuqala nowoKugcina, Yena Ophilayo.' " 'Ngingu-Alfa no-Omega, ukuqala nokugcina.' Sambulo 1:17, 18, R.V.; 21:6, R.V. "Phambi kukaThisha onjena, nethuba elingaka lemfundo engcwele, kungubuwula obukhulu ukufuna imfundo engekho kuYena—ukufuna ukuhlakanipha ngaphandle kokuHlakanipha; ukuba neqiniso ngenkathi ulahla uQiniso; ukufuna ukukhanyiselwa ngaphandle kokuKhanya, kanye nokupihla ngaphandle koKuphila; ukufulathela Umthombo wamanzi Okuphila, bese uzakhela izitsha ezifile, ezingakwazi ukubamba amanzi. "Bheka, usamema: 'uma kukhona owomileyo, makeze kiMina, futhi aphuze. Lowo okholwa kiMina, njengalokhu Imibhalo isho,' kuye 'kuyawugeleza imifula yamanzi Okuphila.' 'Amanzi engiyakumnika wona ayakuba ngumthombo wamanzi kuye aphuphumela ekuphileni okuphakade.' Johane 7:37, 38; 4:14, R.V."—Ellen G. White, *Education*, p. 83. "Thisha othandekayo, . . . "Njengokulungiselela okuphakeme kunako konke umsebenzi wakho, ngikubhekisa emazwini, empilweni, endleleni, yeNkosi yothisha. Ngikubizela ukuba ubheke Yena. Nasi isibonelo sakho esikhulu. Sibuke, gxila kuso, uze uMoya KaThisha ongcwele uthathe inhliziyo yakho kanye nempilo. " 'Kubonakala njengasesibukweni inkazimulo yeNkosi niyaku 'guqulwa emfanekisweni ofanayo.' 2 Corinthians 3:18, R.V. "Lawa ngamandla ayimfihlo phezu kwabafundi bakho. Bonakalisa Yena."—*Education*, p. 282.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yimaphi amagugu kanye nezenzo ezingabaluleka kothisha bamaKristu kanye nakubafundi abathathela phezulu umqondo wokufunda KuThisha oMkhulu na?

2. Abazali abangamaKristu kanye nothisha kulindelwe okuphakeme—ukubonakaliswa kwesimilo sikaNkulunkulu njengalokhu sembuliwe kuJesu engumuntu. Kumele senzeni lapho sisilela kulelizinga eliphakeme na?

3. Eklasini, xoxani ngombuzo ekupheleni kwesifundo sangolweSine. Ukuzalwa, nempilo, kanye nokufa kukaJesu kusifundisani mayelana nesimilo sikaNkulunkulu na? Kungani lokhu kumele kusiduduze kakhulu, ikakhulu ngesikhathi zokuhlupheka okukhulu na?